**UMNYANGO WEZEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lokuqala)**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

**IMIYALO**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B no-C.
- Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esamukelekile.
- Ubunono nokubhala kahle kuyaziswa kakhulu.

ISIGABA A

**UMBUZO1**
**ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

Funda iziqephu ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

**Isiqephu A**

# Seluliwe isikhathi sikashwele wezibhamu

**MPUME SIBIYA**

INGWIJIKHWEBU yokwelulwa kwesikhathi sikashwele wokunikezela ngezibhamu esesengezwe ngezinyanga ezintathu, ithathwe njengegxathu eliqhamuke ngenxa yokwehluleka kwalo mkhankaso ukufeza obekuhloswe nguHulumeni kokukhuculula izibhamu ezingekho emthethweni.

Ngesikhathi ILANGA lithinta uMnyango wezokuPhepha nokuXhumana KwaZulu-Natal libuza ngalokhu, uMnuz Logan Maistry okhulumele lo Mnyango uqinisekise nokuthi impela isikhathi seseluliwe, abantu sebengaqhubeka nokuziletha izibhamu kuze kube ngumhla ka 30 kaNhlangulana (June) uphikile kodwa ukuthi lokhu kwenziwe nguNgqongqoshe uCharles Nqakula ngenxa yokungaphumeleli komkhankaso.

UMnyango uthi ukunwetshwa kwalesi sikhathi kwenzelwa ukunikeza labo abebesacabanga ngokumele bakwenze, ukuthi nabo bathole ithuba lokuzibuyisa.

NgoLwesihlanu bekungolwamanqamu KwaZulu-Natal, uNgqongqoshe uMnu. Bheki Cele engqongqisa ngomlilo zonke izikhali ezitholakele kulo mkhankaso.

UMnu. Cele obekhuluma lapho bekushiselwa khona izibhamu uzwakalise ukusishayela ihlombe isenzo esenziwe ngumphakathi sokubambisana namaphoyisa ekubuyiseni zonke izibhamu nezinhlamvu ezingekho emthethweni wathi konke lokhu bekungeke kwenzeke ngaphandle kokubambisana.

Pheqa ikhasi

Ekhuluma uNgqongqoshe uthe zonke lezi zibhamu eseziqoqiwe, azisenawo amacala sezigezekile. Zibalelwa ku-2510 izibhamu okukhona kuzo nemijojantaba ezishisiwe ngoLwesihlanu.

Kodwa uthe namanje usabanxusa abantu ukuthi mabayeke ukuthi uma kukhona okwenzekayo okuhlanganisa ukubulawa kwabantu ngezibhamu, bese bona befaka ezombusazwe phakathi.

"Ngibonga kakhulu kulabo abakwazile ukuba nesibindi sokuzibuyisa ezabo izibhamu. Zibalelwa enkulungwaneni izibhamu ebesizithola kubantu ngosuku lulunye, nokuyinto encomekayo ukubona ukuthi bakhona labo bantu abafuna kuhlaliswane ngokuthula la eMzansi Afrika. Ezindaweni eziningi ebesizihambela njengaseShowe naKwaNongoma abanye abantu bebeze bazisholo bona bethi basayozilanda emakhaya njengalaba abangu-7 abenza ukwethembeka nangempela bazibuyisile nokuyinto engihlabe umxhwele," kuchaza uMnu. Cele.

Kodwa kulabo abasengondlebe kazizwa ubexwayise ngokuthi mabagawule babheke ngoba njengoba sesengeziwe lesi sikhathi, abasazotholakala nazo sebezokhalelwa ngamasongo kaS'gonyela, ngeke besanikwa ngisho ithuba lokuchaza.

Lezi zibhamu ezishisiwe zihlanganisa nohlobo lwama-AK 47, ezinye kungezokuzakhela okungoqwasha, ezinye besezaba nerasti ezinye kuyizinhlokohlela zemijojantaba zigcwele amadilamu zilindele ukushiswa.

**Isolezwe 22/04/05**

1.1 Uchazani umusho olandelayo:

1.1.1 Ukukhalelwa ngamasongo kaS'gonyela? (2)

1.2 Ngabanjani abantu okuthiwa abangondlebe kazizwa? (2)

1.3 Ngezinjani izibhamu ezifunwa nguhulumeni? Kungani zifunwa? (2)

1.4 Ngubani uNgqongqoshe wezokuphepha waseNingizimu Afrika? (1)

1.5 OwakwaZulu-Natali yena uNgqongqoshe ngubani? (1)

1.6 Izikhali ezitholakale kulo mkhankaso zenziweni? (1)

1.7 Yisho izinhlobo ezimbili zezibhamu ezibalwe endabeni ezitholakale kulo mkhankaso. (2)

1.8 Khetha amazwi afakazela lokhu kule ndaba:

1.8.1 Singeziwe isikhathi sokuthi abantu balethe izibhamu ezingekho emthethweni. (2)

1.8.2 UNgqongqoshe ubajabulele labo ababambisene nabo ngokuletha izibhamu. (2)

**[15]**

Funda le ngxoxo ephakathi kukaZinhle nonina.

**Isiqephu B**

UZinhle uxoshiwe enyuvesi ngoba ekhulelwe. Ubuyile ekhaya uzoxolisa kumzali wakhe ngesenzo asenzile. Uthola ukuthi umama wakhe uyagula.




*D.B.Z. Ntuli, "Isomiso", **Woza** Nendlebe)*

1.9 Omakhelwane bakaMaZulu babethanda yini ukuba uZinhle ayiswe enyuvesi? Sekela impendulo yakho ngokucaphuna endabeni. (2)

1.10 UMaZulu wayithathaphi imali yokuthi ayise uZinhle enyuvesi? (1)

1.11 Yiyiphi inhloso nesifiso esikhulu sikaZinhle? (2)

1.12 EkaMaZulu yona inhloso nesifiso esikhulu mayelana nendodakazi yakhe kwakuyini? (2)

1.13 Yini eyaphazamisa uZinhle ukuthi angaqedi ezifundweni zakhe? (1)

1.14 Yisiphi isizathu esenza uMaZulu ukuthi anqabe ukuya kwadokotela? (1)

1.15 Iliphi ithemba elalimphelela uMaZulu? (2)

1.16 Zingxaki zini ezazikhungethe uMaZulu? Yisho ezimbili. (2)

1.17 Uqonde ukuthini uMaZulu uma ethi:

1.17.1 manje nawe uzosala usogwadule. (2)

1.17.2 bengazi ukuthi angizukuhlala iminyaka lapha emhlabeni. (2)

1.18 Phendula ngo-**yebo** noma ngo-**cha**.

1.18.1 Umndeni kaMaZulu wawudla izambane likapondo. (1)

1.18.2 UMaZulu wathukuthela uma ezwa ukuthi ingane yakhe ibuyile eNyuvesi. (1)

1.18.3 UMaZulu wayelisaba ihlazo. (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [35]**

ISIGABA B

**UMBUZO 2**
**UKUFINGQA**

Fundisisa le ndaba elandelayo bese uyifingqa ibe ngamaphuzu alishumi kuphela.
Bhala amaphuzu kuphela.

# UPandor ugxeke 'abajola' nezingane

**SLINDOKUHLE BHENGU**

UNGQONGQOSHE kazwelonke wezeMfundo kuleli, uNkk. Naledi Pandor; ukhwele wadilika kothisha "abajola" nezingane zesikole abazifundisayo, wathi lo mkhuba udicilela phansi ikusasa labafundi.

Lokhu kuvele ngesikhathi abazali benikezwa ithuba lokubeka izikhalo zabo kuNgqongqoshe kanti iningi labazali likhale ngokunyuka kwesibalo sothisha abajola nezingane zabo nokusetshenziswa kwezidakamizwa khona ezikoleni.

Omunye wabazali baseMshweshwe High School uthe isimo izingane zabo ezifunda phansi kwaso siyabakhathaza njengoba ezinye zigcina sezikhuleliswe ngothisha bazo.

"Othisha yibona okufanele bagade izingane zethu, hhayi ukuthi badicilele phansi ikusasa lazo," kusho yena.

UNkk. Pandor uthe le nkinga useyizwe cishe kuzo zonke izifundazwe aseke wazihambela kanti ubathembisile abazali ukuthi othisha abatholakala benza lo mkhuba bazobhekana nomthetho.

Yize ziziningi izinkinga umphakathi oqhamuke nazo, iMshweshwe yisikole esidume ngokuba nemiphumela emihle kwamatikuletsheni. Ngalesi sizathu uNgqongqoshe usiqoke ukuthi sibe yisibonelo kulezo ezingaqhubi kahle.

UNkk. Pandor uphinde wadlulisa ukungenami kwakhe ngezimo okufundelwa ngaphansi kwazo kwezinye izikole kulesi sifundazwe.

Ngenkathi uNgqongqoshe ehambele eJamengweni Primary School, uhlangatshezwe yizingane ezibhikishayo ziphethe izingqwembe ezithi zifuna ukwakhelwa amagumbi okufunda ngoba ziminyene kwezifundela kuwona.

UNgqongqoshe uthe lesi simo asamukele kile futhi udlulise ukucasuka kwakhe kungqongqoshe waKwaZulu-Natal, uNkk. Ina Cronje, wakhalaza ngokuthi uma ehamba noNgqongqoshe bezifundazwe, bamusa ezikoleni ezisesimweni esihle.

"Sengizozihambela ngedwa uma ngivakashela izikole ngoba uma ngihamba nongqongqoshe besifunda bangikhombisa izikole ezinezakhiwo ezinhle zodwa," kusho uPandor:

Wenze nesiphakamiso sokuthi izingane ezisezikoleni ezisezindaweni ezikhungethwe wubuphofu, kufanele okungenani zinikwe ukudla kabili ngosuku.

"Ngifuna ukubona ukuthi imfundo iqhubeka kanjani nasemakhaya nokuqinisekisa ukuthi izingane zinabo othisha emakilasini," usho kanje.

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

ISIGABA C

## UMBUZO 3

3.1 Lungisa amagama adwetshelwe engxoxweni elandelayo ukuze ibe nomqondo. Bhala amagama owalungisile kuphela.

**Ukuphuza**

| | | |
|---|---|---|
| Nkosikazi | : | Sawubona Dudu. Kwakuhle – 3.1.1 vakashel- nguwe ngoKhisimusi. |
| Dudu | : | Ngiyathokoza ukuba sekhaya. Ake ningitshele uBongani, ngabe kuyiqiniso ukuthi useyinto katshwala? |
| Nkosikazi | : | Kuyiqiniso. Bonke abesimame kule ndawo 3.1.2 -Khathal- yilokhu kuphuza. Njengoba kuzoba nguKhisimusi lokhu kuzodlulela. Kuzoba khona ukulwa kufe nabantu 3.1.3 imindeni. Besilokhu sithemba ukuthi sizohlangana namuhla 3.1.4 -bonisan- ngalokhu. Wena njengomuntu 3.1.5 ezempilo siyazi ungasisiza kule nkinga. Dudu le mpilo yesimanje-manje 3.1.6 -lung- neze. Abantu sebephuza kakhulu kanti notshwala bungamandla. Kufanele 3.1.7 buyisel - isimo endaweni. |
| Dudu | : | Angiboni ukuthi lokhu kungaba yinto elula. Kufanele sazi ukuthi yini eyenza abantu 31.8 phuz- sibenze bazibone izinkinga 3.1.9 -dala-wutshwala. |
| Nkosikazi | : | uThulani kwakungumfana ohlale ethule. Selokhu aqala 3.1.10 -phuza useshintshe kakhulu. |

**[10]**

## UMBUZO 4

Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

> Ngazibona nami sengimamatheka kuvela amazinyo ami amakhulu. Phela ayathandeka amazinyo amancane namafushane ngoba noma angageziwe awanakeki. Amazinyo amahle yilawo angagqagqene futhi awuvumelayo umlomo ukuthi uvaleke kahle, ngoba awuthandeki umlomo omkhulukazi nomudekazi. Amazinyo (angemahle) yilawo anganakekelwe nenza umuntu (ongemdala) abukeke emdala.

4.1 Nciphisa amagama adwetshelwe kulesi siqephu. (4)

4.2 Bhala amagama akubakaki asesiqeshini akhombe ukuvuma. (2)

4.3 Dwebela iziqu zesiphawulo kula magama alandelayo:

4.3.1 omkhulukazi.
4.3.2 nomudekazi. (2)
**[8]**

**UMBUZO 5**

Funda lesi siqeshana bese uphendula umbuzo olandelayo:

> Indaba yenkolo yinto endala. <u>Umuntu</u> wathi ezalwa wabe ekholwa yilokho ayekholwa kukho. Lokhu kusho ukuthi <u>isizwe</u> sasinendlela yaso yokukholwa.

5.1 Guqula amabizo adwetshelwe ebuningini bese wakha imisho ngawo. **[4]**

**UMBUZO 6**

Lungisa lezi zaga ukuze zifundeke ngendlela eyiyo:

6.1 Ziyagezana izandla.

6.2 Iso umfula ugcwele liwela.

6.3 Ligcwala izibungu ikhwane elihle.

6.4 Kuziliwe udlala ngegeja. **[4]**

**UMBUZO 7**

Faka izimpambosi ezilandelayo emagameni akubakaki ukuze imisho izwakale impambosi yokwenzisa, yokwenzeka, yokwenzisisa neyokwenzana.

USipho 7.1 (ufunda) izingane imisebenzi yezandla. Kuthiwa wayifundela yonke le misebenzi 7.2 (lyathanda) ingane elusizo emphakathini. Inconywa yisizwe sonke, kanti futhi 7.3 (iyalalela) uma ifundiswa bese 7.4 (ibheka) naleyo misebenzi. **[4]**

**UMBUZO 8**

Bhala lo musho ube sebuningini:
Inkosikazi ehloniphayo iyathandeka futhi kufana nengane ehloniphayo. **[5]**

**IMIKOMELO YESIGABA C: [35]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**